


ISIKHATHI SEBANDLA

LASEPHEGAMOSI

 Kulungile. Manje, ngokubona kwami, kungabangcono ukukucima. Kulungile.

² Siyjabula kakhulu ukuba lapha njalo lobubusuku enkonzweni yeNkosi. Futhi izolo ebusuku ngezwa sibili iMileniyamu yayisibuyile. Futhi-ke manje sileminye, ngiyakholwa eminye imibuzo lapha, futhi ngizayifaka esikhwameni sami ukuze... Ngi-ngithemba lowu ngumkhuleko... ukukhulekelwa. Futhi si... Futhi ngizazama ukuphendula ngobungcono engi-engibukwanisayo.

³ Tshono, nxa lingatshela uDoc nxa “engacima lokho,” ukuthi i... kukhanya phansi lapha phezu kwami, ngakho, angikho ngaphansi kwelayithi elihlaba ndawo inye. Liyazi, angisuyeye omunye walaba abatshumayeli bamalayithi ahlaba ndawo inye. Ngakho kungcono ngingabi lalo, ngiyacabanga. Ngokwedluleyo...

⁴ Ngikucelile lokho, Doc. Ngiyaphenduka, ngi-ngiyaphenduka, liyabona. O, o, kuyini elikwenzayo...? Kufanele livule phezulu lapho futhi lisebenze kikho? [UMfowethu Branham ulenkulamo lomfowakhe, uDok—Mhl.] O, awu, kutshiye nje kunjalo. Yebo. Awu, kutshiye nje kunjalo. O, hatshi! Manje, ungakuwisi. Yebo. Manje ngiyakuthanda lokho ngcono. Kwesinye isikhathi... Futhi kangithandi ukukhanya kukhanya nje ebusweni bakho, uyazi. Futhi—futhi kukhanye phansi lokhu lapho engingabona ngcono. Ngiyabonga, mnumzana. Lokho kuzamwomela.

⁵ Liyazi, awungeke uqede kulezi izikhathi zebandla. Futhi lamuhla lapho ngitaditsha kulesi, ngathi kumkami, ngathi, “O, minaboy! Ngi-ngithole izifundo ezeneleyo ukutshumayela intshumayelo ezingu 50 khona kusuka kulokho.” Bona? Futhi nje baya... akula enye indlela yokukwenza kodwa nje ukutshaya iziqoqela, futhi mhlawumbe lapho sibhala ibhuku khona-ke sizazama ukungenisa okunengi kulo.

⁶ Angizange ngikubone lapha, mfowethu. Unjani, Mfowethu West? Ngizwe nje indaba ezinhle, ukuthi owokucina wemuli kaMfowethu Daulton ungenile phakathi, omunye umfana... enye inkazana. Lowo ngowesi 10, yikho na? 9. Liyakhumbula lokho kwakuphansi kwenkonzo entsha lapho iNkosi imtshela lapho ukuthi i... imuli yakhe izasindiswa. Bengibakhulekela, ngimile lapho ngingazi lokho engangikutsho, uMoya oNgcwele wathi, “Ngiyakupha imuli yakho.” Bona? Uh-huh. Futhi nanko

lapho, bonke ngamunye wabo. Bona ukuthi iNkosi yenza njani? Bona, amazwi Ayo aphelele, awehluleki ngitsho, ngitsho. Awu, asifuni ukungena ohlangothini lokusiliswa nguNkulunkulu, sizama ukuhlala isikhathi eside...lingxenywe, kuhrangathi lwesiprofetho.

⁷ Manje, lobubusuku ngizazama ukukhuluma nje, futhi nxa ngingenelisa, futhi sizafika phansi kungxenywe zembali zalesi sikhathi sebandla esikhulu, elesibili...kumbe isikhathi sebandla lesithathu esikiso lobubusuku. Liyayikholisa na? Kuyamangalisa nje. Ngiyacabanga nje ukuthi kuyamangalisa ukuthi iNkosi uJesu isibusisile kanjani futhi yasinika izinto lezi, futhi sikuthakazelela ngenhliziyo zethu zonke, esazisa ngaphambi kwesikhathi lokho okuzakwenzakala kwelakusasa. Uyazi isiphetho kusukela ekuqaleni, futhi-ke siyajabula kakhulu ngalokho. Ngakho siyathemba iNkosi ukuthi isibusise.

⁸ Futhi linanzelele, izolo ebusuku, uMoya oNgcwele wasinika (emva inkonzo isiphelile) imibiko emithathu lemiphfumulo emithathu. Khona kanye nje. Futhi lapho uMoya ukhuluma, khona-ke kwaphenduka ekuchasiseni kokucina, kwaphinda, wathi, “Lokho uMoya akutshoyo emabandleni...” O, “Lowo olendlebe, akezwe lokho uMoya akutshoyo emabandleni.” Nje...Futhi uMoya usithi ngeziphu zebandla. O, ibandla malibambe lokho lihloniphe khathesi, bona, likugcine nje ngokuhlonipha. Linanzelele; uSathane uzabuya ngalapho, azame ukulifugela ekudluliseni amalawulo ngakho. Wobani leqiniso nguMoya oNgcwele sonke isikhathi. Futhi nxa kunguMoya oNgcwele, Uzakhuluma eqonde entweni ezenzakalayo. Kungokokwakha ibandla. Bona? Futhi-ke nxa lihlonipha ngalezo, uNkulunkulu khona-ke uzakulinika okunengi. Bona, qhubekani nje lingezelela okunengi lokunengi. Futhi lapho...

⁹ Manje, omunye umuntu ubefona futhi ebuza...abantu befona lamuhla futhi bebuza lapho inkonzo zosiliso ezizakuba khona. Manje, masinya nje inkonzo lezi ziphela, iSonto elandelayo kusihlwa, ngiyahamba okwensuku ezimbalwa, ngingathi ngiyaphumuza umphimbo wami kancinyazana, leSonto elandelayo, iNkosi ithanda, sizakuba lenkonzo yokusilisa, iSonto elandelayo ekuseni. Lokho kuzakuba yi... angikwazi nje ukuthi lusuku bani oluzakubakhona, kodwa kuzakuba yiviki kusukela...Umhlaka 18, iSonto ekus-... Lokho kulungile na, Mfowethu Neville? Uhm? [UMfowethu Neville uyaphendula, “Yebo, mnumzana.”—Mhl.] NgeSonto ekuseni, mhlaka 18, ukukhulekela abagulayo.

¹⁰ Futhi kulokhu, umalusi wethu lapha, angilalo ithuba lokukhuluma okunengi kakhulu ngaye, kodwa ngilifuna lonke, lizame ukuhlangana lomalusi wethu. Ngeqiniso ungu—ungumfowethu oqotho kuKhristu. Siyathokoza ukuba lomfowethu owa...ukhuliswe esisekelweni seMethodisti kanye

lobungwele. Futhi sonke siyamazi uOrman Neville, wonke umuntu lapha uyamazi. Akula muntu ofaka umunwe empilweni yakhe. Nginga... Akathandi ukuba ngikutsho lokho, kodwa kunjalo ngingangcono ngimuphe ilubanyana lero khathesi, kulelixha lonke lamaluba emva kokuba esehambile. Bona? Futhi manje sokuyisikhathi.

¹¹ Ngobunye ubusuku ngangiphuma phandle kwebandla futhi omunye wathi, "O, Mfowethu Branham, ngeqiniso ngithakazelele leyontshumayelo."

Futhi ngathi, "Ngiyabonga."

¹² Futhi-ke omunye umuntu emile emnyango, (bekuyiminyaka emineni edluleyo, khona lapha ethabhanekeli) umtshumayeli, wathi, "Awu, busisa uNkulunkulu, kangifuni umuntu angitshela lokho." Bona? Wathi, "Ngifuna yonke inkazimulo ukuthi ihambe kuNkulunkulu."

Ngathi, "Awu, iyakwenza." Bona? Futhi ngathi, "Awu, ngiyakuthanda, ngokwami." Ngathi, "Ngiyakuthanda sibili." Futhi ngathi, "Kumele ngibe leqiniso."

Futhi wathi, wathi, "Awu, angithandi abantu ukuthi batsho njalo ngami, busisa uNkulunkulu!"

Ngathi, "Kulomehluko owodwa nje phakathi kwami lawe: Ngithembekile ngakho, futhi wena awunjalo."

¹³ Loba ngubani uyathanda... Nxa ungathatha umntwana omncane, umdumise kancane, uzakwenza umsebenzi ongcono. Bona? Kunjalo. Bona? Futhi uNkulunkulu, izikhathi zonke, Uyathanda ukutshela abantwana Bakhe lapho esenza kahle. Uyathanda ukubatshele lapho besenza okubi, ngakho kungani ungabatshele lapho besenza kuhle? Bona?

¹⁴ Ngakho ngiyabonga sibili uNkulunkulu ngoMfowethu Neville engumalusi walumhlambi lapha ethabhanekeli. Futhi ngibona leyondoda, isisekelo seMethodisti, ephuza uku... Ngani, njengokufuna nje ukudla esitebeleni esingayisiso. Ngakho... kodwa efumana ngo—ngoMoya oNgcwele omkhulu, futhi manje engena kulezo zipho; futhi uMoya oNgcwele umsebenzisa kanjani ngokubalulekileyo lapho engasebenzisi ingqondo zakhe uqobo. Khangela isichasiso silokuhambelana okufanayo, lokukhwela lokujula, okufanayo, njengamabizo labosabizwana, lokunjalo, lokuphendula khona njalo.

¹⁵ Futhi luMfowethu omncinyane, angicabangi ukuthi u... Junior Jackson. Awu, ngizathula, Junie. Ngiyabonga uNkulunkulu ngoJunie Jackson, umfowethu ngeqiniso ulesipho esikhulu esivela eNkosini.

¹⁶ Futhi qhubeka nje uzithoba. Manje, wonke umuntu ebandleni ulento yokwenza; kodwa ungacezukele eceleni ngeyinye into, yekela kuhlangu kanye lebandla lonke.

NgokukaNkulunkulu, zonke izinto. Bona? Bona? Bonke kabafuni yini ukukhuluma ngendimi, umuntu wonke achasisse.

¹⁷ Zama ukwenza enye into enhle futhi uqhubeke ulungile nje; ungabambi umona, kungabi lezikhwili, ungavumeli ubumunyu. Kungelandaba lokuthi umuntu mubi okunganani lokuthi ukhuluma kubi okunganani ngawe, ungaqali ukucabanga okubi enhliziyweni yakho umelana labo; ngoba khona lapho udeveli uzahlala khona phakathi, asebenze enye into khona lapho. Kugcine nje konke kwembesiwe ngothando lobunkulunkulu, ukuvuma, lokulungisa, futhi wenze okuhle kulabo abenza okubi kuwe. “Nxa usenza okuhle kuphela kulabo abenza okuhle kuwe, ngani,” uJesu wathi, “abathelisi abenzi okufanayo na?” Bona? Izeni, loba ngubani angalunga kulabo abalungileyo kuye. Kodwa lunga kulabo abangalunganga kuwe, yenza enye into kulabo abangasoze bakwenzele lutho. Khuluma ilizwi elihle emuntwini ongakhuluma kubi kuwe, futhi ngaleyondlela uyagcina bonke ubumunyu ngaphandle kwenhliziyo yakho; futhi uhlezi usothandweni lomuntu wonke-ke, ingqe kuphela uhlala othandweni.

¹⁸ Manje uthi, “Awu, benze...” Kasisuye umahluleli, uNkulunkulu unguMahluleli. Futhi awungeke ufune lowomfo ohawulayo ukuba axotshelwe phandle, ungakufuna na? Ngeqiniso hatshi, kungelandaba lokuthi ngobani. Kawungeke ukufune lokho, ngakho zama ukuba lomusa kibo. “Futhi uthando lufihla izono ezinengi.” Uh-huh. Yebo, mnumzana. Uthando, lolu oluhle nje, uThando lwesiKhristu, lobunkulunkulu.

¹⁹ Nxa umuntu esiza futhi akubize ngokuthi “mgqiqiki ongcwele” lazo zonke inhlobo zamabizo, manje—manje ungenzi njengakho, bona, nxa ungenelisi ukwenza njengakho, zihambele nje. Kodwa enhliziyweni yakho, kumele ube sendaweni othi, “Awu, ku...manje, mhlawumbe, mfowethu, nxa uzwisisa, ngendlela engenza ngayo, ungezwa njengalokho engikwenzayo ngakho.” Bona? Futhi nje uhlabuse kuye, futhi uvumele aqhubekele phambili njengalokho. Futhi loba singehlukana njengempumalanga ikude lentshonalanga, lokho akwenzi mehluko.

²⁰ Njengoba ngatsho ngobunye ubusuku, ngilomzalwane ongu...uyindoda elingana laye, uMelvin; mude, ulekhanda elimhlotshana. Manje, kasikhangeleki sifanana ukwedlula loba sasingasozihlobo lakancane. Futhi ukukhwabitha kwethu—kwethu kwahlukile, lezifiso zethu zehlukile; kodwa kunjalo umama wakhe ngumama wami, ubaba wakhe ngubaba wami, ungumfowethu. Bona? Ngoba sazalelwa emulini efanayo.

²¹ Manje, siyatshiyana. UMelvin akasomKhristu, futhi uthanda i-baseball, umjaho wamabhiza, lezinto ezinjengalezo. Futhi ngi—ngicabanga ukuthi uthanda iphayi yetshokolethi, ngakho

ngileqiniso siyehlukana lapho. Ngakho a—angithandi imijaho yamabhiza kumbe i-baseball, ngiyathanda ukugola inhlanzi lokuzingela. Bona? Futhi yena angeke atshibilikise isandla sakhe ngalokho, lami angingeke ngitshibilikise isandla sami ngalokho. Ngakho-ke, bona, kodwa uthanda iphayi yetshokoletshi futhi mina ngithanda iphayi yetsheri. Ngakho ke . . .

²² Manje, angila engizama ukukutsho, bona. Kodwa ngakhuluma lokho ngesinye isikhathi emhlanganweni kweyinye indawo, ukuthi ngithanda iphayi yetshokoletshi, futhi ubusuku obulandelayo ngasengilamatshokoletshi angu 5 . . . kumbe itsheri phayi, futhi ngasengilamatsheri phayi angu 4 kumbe 5 odadebethu ababesabawabekhile futhi bawaletha kimi. Minabo! Saba lejubili phezulu ekamelweni lami! Kodwa, a—angikutsho ngaleyondlela. Bona?

²³ Ngakho ngitsho ukulitshengisa nje umahluko, liyabona. Kodwa loba eyini, ngiyamthanda, ungumfowethu. Futhi-ke akasuye umKhristu ngoba ubona izinto kokunye ukukhanya, ngibona izinto ekuKhanyeni kukaKhristu; kodwa loba kunjalo angeke ngithi akasuye umfowethu, ngoba singabazalwane abazelwe emulini efanayo.

²⁴ Manje, izolo ntambama, ngenza isicaphuno ekucineni. Futhi khumbula khathesi, umbiko wokuqala weza ebandleni emuva kwalabo elazi ngabo, ngaphandle phansi lapho eKentucky, kwakuyikuba kuzakuba lezinto ezifihlakeleyo kulumhlango ezizakwethusa abanengi. Liyakukhumbula lokho na? Kusethephini, manje. Bona? Izolo ebusuku okunye kwakho kwembulwa. Ngakho kungathi kwama okomzuzwana nje, kodwa ngileqiniso likubambile; ngoba uMoya oNgcwele waletha, lokho kwakuzakuba: “isihogo esilaPhakade, akulanto enjalo eBhayibhiloni.”

²⁵ Akula sihogo esilaPhakade. Nxa wawule laPhakade . . . Nxa utshiswa esihogweni okulaPhakade, khona-ke kumele ube leMpilo elaPhakade ukuba lapho, nxa uphila. Futhi kulesimo esisodwa seMpilo elaPhakade, lowo nguNkulunkulu! Bona? Ngakho, futhi-ke iBhayibhili kalifundisi isihogo esilaPhakade, lifundisa “esinininini” isihogo. Lokho kungaba ngokweminyaka eyizigidi ezilitshumi, angazi, kodwa kumele kukhawuke.

²⁶ Ngoba bengimele ngiKungenise phakathi lapho. Ngiyakugcina khatshana lamabandla lezinto ngize . . . kukimi ukuthi ngiKukhulume. Futhi-ke kulezinto ezithile phakathi lapha kuzakuba kimi ukuKukhuluma, futhi-ke ubusuku ngabunye siyazifumana.

²⁷ Kodwa manje, kusukela lobubusuku kusiya, qalani ukugqoka ukucabanga kwenu kukamoya, liyabona, liyeke uMoya oNgcwele aKuthophelise phakathi. Futhi-ke nxa usizwa futhi ungavumelani Lakho, hamba nje futhi uthi, “Mfowethu uBranham ohawulayo, a—akakwazi sibili. Ngizamkhulekela.”

Futhi wena kwenze lokho, futhi-ke ngiza. . . iNkosi izangenza ngibe kwazi lokho okuliQiniso khona-ke, kodwa ungizwele, futhi ungaze—ungaze wangilahlela kude. Ngakho lokho kungaba liqiniso, lakho, kodwa, o, ngiba lesikhathi esihle ngikucabanga ngalindlela. Ngakho kwenza izinto zibambane nje. Futhi mina, o, ngi—ngingabe ngiphambukile; kodwa kungaba lokukhuthakala lapho kwenye indawo engingazi lutho ngakho, ngakho mhlawumbe ungakwenza, futhi ukhuleke iNkosi ingitshengise.

²⁸ Futhi manje, laphezu kwakho konke, qhubekani likhulekelana, futhi lingavumeli udeveli atshengise loba yibuphi ubumunyu loba ngaphi. Bona? Gcinani imiphefumulo yenu imsulwa kulelihora, ngoba sisesikhathini sokuvala kwembali yalumlaba. Bona? Sisekucineni, bangane, kungelathunzi elilodwa lokuthandabuza.

²⁹ Lapho sisehla phansi kulezizikhathi zebandla, sizafumana khona masinyazana, futhi mhlawumbe okunengi kwakho kakhulu lobubusuku. Siyasekela kakhulu kumbe kancane futhi sithola isisekelo lapho esimele sikuvale, futhi khathezi kulobubusuku siyembula ezinye izinto zikamoya eziqotho. Khumbula manje, ngikukhulumile, kumele ugqoke ukucabanga kwakho kukamoya. Kodwa khangela iMibhalo, kufanele *kube* seMibhalweni, futhi kufanele *kudlule* eMibhalweni. Bona? Manje khumbula i. . . Ulwazi nje lweLizwi, lokuthi, “Awu, ngaya esikolo saphezulu. Ngaya esikolo seBhayibhili. Ngaya ekolitshini.” Lokho akutsho lutho. Bonke abaFarisi labaSadusi benza into efanayo, futhi behluleka ukwazi uJesu ngamamayila ayizigidi. Bona?

³⁰ IMibhalo, isambulo seMibhalo, “ifihliwe emehlweni abahlakaniphileyo labaqedisayo, futhi yembulwa enganeni lezo ezingafunda.” Ngakho yeka wena lami sibe zingane futhi sethule inhliziyi zethu, futhi sithi, “Nkosi, Wena—Wena sitshele, futhi si—silalele.” Futhi-ke bamba ukubekwa kwakho ngokomoya. Manje khumbula lokho, amazwi azakhulunywa kusukela lobubusuku kusiya, ukubamba ukubekwa kwakho kukamoya, ngoba sesisiza esikhathini esikhulu sebandla eliyimfihlakalo.

³¹ Manje, ngicabanga yikho kuphela okwakukhona. Manje khumbulani kusasa ebusuku, sikwesinye isikhathi sebandla ubusuku ngabunye. Futhi ngileqiniso ukuthi singaba lesikhathi esinengi kusasa ukuthi sigijime usuku lonke kulokhu, futhi-ke kusasa ebusuku njalo. Kodwa, bona, abanengi babo bazasebenza futhi ngizazama nje ukuthola iziqokoqela sibili zalumbiko, ngitshaye indawo ezikhulunyweyo lapha, okuyikuthi ungathatha eyinye yazo futhi uqhubeke nje usiya, ugijime ngakho kuze kungabi lokutsho nje ukuthi kuya ngaphi. Bona? Kodwa. . . Futhi-ke likutaditshe khona ngekhasya, futhi ngizakube ngilikhulekela, futhi lingikhulekele, futhi

uNkulunkulu asibusise ndawonye njengabantwana Bakhe abakholwayo.

³² Manje singakaqalisi, ngingazi ukuba akunzima kakhulu kini nxa singasukuma.

Futhi liyazi kungani ngithanda ukuma futhi ngikhuleke? UJesu wathi, “Lapho usima, ukhuleka, khuleka, ‘Baba wethu OseZulwini.’ Khona-ke lithethelelane omunye lomunye.” Uyabona? Futhi-ke uGidiyoni wakhetha ibutho lakhe ngesinye isikhathi ngalabo abaqotshamayo labakhothamayo futhi baxhapha amanzi, kumbe labo abemayo futhi bathola amanzi. Uyabona? Ngakho labo abawayo, aba—ababezibhazalalisile phambi kwezithombe, futhi wayekwazi babengasobantu bokuhamba. Ngakho, lowo owema ngelihlo labo ekhangele isikhathi sonke. Yiyo indlela esenza ngayo, siyama futhi sikhuleke. Manje, ngiyakholwa ekugqueni lokukhuleka, lami; kodwa, ukuma lokukhuleka, ngicabanga ukuthi kutsho enye into nje kithi, ngenye indlela.

Asikhothamiseni amakhanda ethu manje, inhliziyu ngayinye ikhothame njalo:

³³ Baba oseZulwini olomusa, lapho khathesi sisondele ngokuqinisekileyo esiHlalweni Sakho sokulunga. Futhi kasibuyi ukuKucela ukuthi usiphe ukulunga, ngoba sonke sizakuqothulwa, kodwa siyeza, sinxusa “Sihawu, O Nkosi!” Thulula phezu kwethu, lobubusuku, okoMoya oNgwele Wakho; hatshi ngoba sifanele, kodwa ngenxa yokuthi kasifanelanga, futhi sikananzelele lokukuqaphela, futhi siyeza hatshi ebizweni lethu uqobo, ngoba alenelanga. Asila ukulunga, kumbe—kumbe ulutho, ukulunga kwethu okukhulu sibili kungaba yizichibi ezingcolileyo ebusweni Bakho. Ngakho ngokuthobeka siyabuya eBizweni leNkosi uJesu, siMletha phambi kwethu, iGazi lesivumelwano Sakhe, siLithwele enhliziyweni zethu, futhi sisithi, “Nkulunkulu, woba lesihawu kithi izoni ezinxusa isihawu eholeni lokukhathazeka.” Ukuthi, lapho ngolunye usuku intshumayelo yokucina izatshunyayelwa, asikwazi ukuthi kuzakuba nini; isikhathi sokucina kuzakuba lokumemeza okuzakuya emoyeni; iBhayibhili lizahlala livaliwe kuphuluphithi; izikhali zizakubekwa ndawonye; futhi impompi zizabe zikhala; ilanga lizabe litshona. O Nkulunkulu! Khona-ke ngifihle, O Dwala leziKhathi, kulelohola.

³⁴ Futhi siyabona akulakuphepha khathesi, akula lutho kodwa Ngawe. Siyabona izizwe ziyadazukana. Sibona iBhayibhili ligcwaliseka. Sibona uIsrayeli evuka. Siyabona uMbiko eBandleni. Futhi ihola selizaphela nje, ngesikhathi sezinto ezinkulu zizakwambulwa, futhi iPawu eziyisiKhombisa zivulwa.

³⁵ Nkulunkulu, Nkulunkulu, O Nkulunkulu, woba lesihawu kithi, siyanxusela isihawu. Futhi njengenceku Yakho,

ngiy anxusela isihawu emuntwini wonke eBukhoneni bukaNkulunkulu lobubusuku. Nkulunkulu, makungabi lomuntu oyedwa phakathi kwethu olesono emphefumulweni wabo, kodwa makahlanzwe nje khathesi ngeGazi leNkosi uJesu, ukuba sonke sihlangane kuleyondawo yenjabulo phetsheya ngale kwesibhakabhaka.

³⁶ Futhi lapho ngisondela kuluMbhalo lobubusuku, Baba, o, angenelisi. Nkulunkulu, akula owenelisayo kithi. Siyavuma ukuba asazi lutho, Baba, kodwa sithembela ngesizotha kuMoya oNgcwele ukuze Ambule kithi. Lapho sisombulula ngolwazi lwethu—lwethu lwengqondo Owasipha lona, imbali, makuthi uMoya oNgcwele anike ukubekwa kwakho kukamoya enhliziyweni zethu. Siphe khona, Baba, ngoba silindele Kuwe eBizweni likaJesu iNdodana Yakho. Ameni. Lingahlala phansi.

³⁷ Esahlukweni 2 seBhuku leSambulo, lebandla lesibili, isikhathi sebandla lesithathu. Uqala. . . [Udadewethu ukhuluma ngolunye ulimi—Mhl.] Uxolo.

³⁸ Baba wethu OseZulwini, kalihlonitshwe iBizo Lakho. Umbuso Wakho kawuze, intando Yakho kayenziwe, emhlabeni njengoba isenziwa eZulwini. SiyaKucela ukuthi ube kanye lathi, Baba, futhi usibusise, futhi sisize ukuba ngabakhi abahlakaniphileyo kulelihora lokukhathazeka okukhulu phakathi kwabantu. Lapho ukudideka lakho konke kuqhutshwa, sisize ukuba sibe yibungecono bethu, Nkosi, ukuba zinceku Zakho ngeBizo likaKhristu. Ameni.

³⁹ Manje, ngakhuluma lokho kuqala, ukuze libekwazi. Linanzelele yini ingcazelo ayibuyanga eLizwini? Udadewethu wayegcotshwe nguMoya oNgcwele, kungelakuthandabuza, kodwa ubephe umbiko emva iLizwi selingenile phakathi, uyabona. Khona nje kukancinyane ngaphandle kohlelo lwento. Manje, lokho kwakukuhle, dadewethu othandekayo, loba ungubani. UMoya oNgcwele phezu kwakho, o, kunzima kakhulu ukukubamba kanjalo, ngiyakwazi. Kunjengokuthi nje. . . Kumba lapho ukhuluma enye into futhi. . . Bona, kodwa kwakukuhle; kodwa mhlawumbe wakuzwa ngaphambi kwalokho singakaqalisi, uyabona. Futhi yiso isizatho, bona, kuyaphenduka lapho uMoya usebenza. Imimoya yabaprofethayo iyathobela abaprofethi, uyabona. Lowo nguwe.

⁴⁰ Manje, mhlawumbe uMoya oNgcwele uyakugcoba njalo, nje. . . Ngithemba Uzakwenza, emva inkonzo isiphelile. Futhi ukhangele ingcazelo isiza, bona, ngoba kumele kube khona kanye ohlelweni khonapho, uyabona; kodwa sisondele nje eLizwini, uyabona, phakathi lapha. Ngakho, manje, lokho kwakungokuka Nkulunkulu sibili, kwakunjalo sibili; ngiyakukholwa lokukuzwa ngenhliziyo yami yonke, ngoba ngizwe ukusabela kusiza kikho, uyabona. Kodwa uMoya oNgcwele. . . kwakungayisiso isikhathi. Ulombiko kudadewethu

webandla, kodwa *nanku* lapho Asebenza khona uMbiko Wakhe manje. Uyabona, Akasoze aZididanise, Uyabeka zonke izinto ohlelweni. Ngileqiniso wonke umuntu uyazwisisa, uyabona, kunjalo nje.

⁴¹ Manje ku—kusahluko 2 seBhuku likaSambulo. Futhi kasi . . . Siyaqala lobubusuku nge—ngeSikhathi sePhegamosi, isahluko 12. Manje, ubusuku obedluleyo sitshiye kundima 11:

Lowo olendlebe, akezwe lokho uMoya akutshoyo emabandleni; Lowo onqobayo kasoze alinyazwe yikufa kwesibili.

⁴² Manje, esikhathini sebandla lokuqala, safumana amaNikolayithi ukuthi aqala ukungena. UNkulunkulu waZembula njenge . . . UJesu waZembula njengoNkulunkulu uSomandla: kungela okunye, kungela ingxenye, kungela izihlephu zikaNkulunkulu, Waye enguNkulunkulu yedwa.

⁴³ Manje, esikhathini sebandla lokucina layizolo ebusuku, siyafumana ukuthi Wema emnyango futhi Wabhala izinto lezi ebandleni, futhi wabathshela ngobuyanga babo. Kodwa Wathi babe se . . . amaNikolayithi lawa, lokunjalo, Ayewazonda.

⁴⁴ Izolo ebusuku babe . . . babegqoke umqhele wokufela ukholo. Wabathshela ukuthi bengabi lokwesaba, lasekufeni, ukuthi Yena uza—Uzakuba labo. Futhi-ke kulokho okokucina Wathi, “Lowo onqobayo! Lowo onqobayo kasoze alinyazwe yikufa kwesibili.”

⁴⁵ Manje, nxa kulokufa okukodwa, futhi siyakwazi ngakho, khona-ke kufanele kube lokunye ukufa kweyinye indawo; ngoba ukufa okukodwa siyakufa khona lapha enyameni, ukufa kwesibili siyakufa emoyeni, umphefumulo. Kuyikuthi, “Futhi umphefumulo owonayo ngeqiniso uyakufa.” *Ukufa* kuyikuthi nje, “ukusuka ngokupheleleyo entweni yonke;” uyabona, u—u . . . *Ukufa* kutsho, “ukususwa, ku—ku—kuyasuswa, kufihlwe.” Khona-ke lapho abathandekayo bethu besifa, abasekho ngokwazi kwethu. Sikubiza lokho ukufa.

⁴⁶ Kodwa umKhristu kafi, akulaMbhalo othi umKhristu uyafa, ngoba uleMpilo elaPhakade. Lapho isoni sisifa, usephelile, futhi umphefumulo wakhe ekucineni uzakufa, kodwa lapho umKhristu esifa, ulindele nje kanye loJesu ukuphenduka njalo. O, ngithemba ngilesikhathi sokungena kulokho ekucineni kwalumbono lobubusuku, kulokho lapho esiphenduka khona, futhi uzakubona, ukuthi kuletha njani entweni leyo efanayo yokufa kwesibili. Lesi sahluko esifanayo lobubusuku siyaletha into efanayo, futhi umsebenzi omuhle kangaka lapha.

⁴⁷ Manje—manje, lobubusuku, sizakubala lincwadi khona ngokuphangisa, ngoba ngilo lunye—lunye ulwazi ngokwezembali esifuna ukungena kulo kuqala, futhi sizame ukungaligcini isikhathi eside kakhulu. Manje, e . . . emuva lezinkonzo seziphelile, loba nini ngibala lokhu ngokuphangisa kakhulu, nxa ufuna ukuthola ukusetshenziswa kwakho;

UMfowethu Mercier lapha ulakho konke, ngiyaqhubela amanothi khona kuye. futhi angakwenza ngoba uyabhala ebhukwini, angalinika loba yini eliyaziyo. . . o—ofunayo phezu kwakho. Lokho kungaba kulungile, Mfowethu Mercier.

⁴⁸ 12 indima:

Kuyo ingilosu yebandla lasePhegamosi bhala; Lezi izinto uyazitsho lowo olenkamba ebukhali inhlangothi zombili;

Ngiyayazi imisebenzi yakho, lalapho ohlala khona, loba. . . isihlalo sikaSathane. . . njalo ugcinile ibizo lami, futhi kawuphikanga ukholo lwami, ngitsho ensukwini zikaAntipasi owayengowafelukholo othembekileyo, owabulawelwa phakathi kwenu, lapho uSathane ahlala khona.

Kodwa ngilezinto ezinlutshwane ezimelane lawe, ngoba ulabo lapho ababambelela emfundisweni kaBhalamu, owafundisa uBhalaki ukusphosa isikhubekiso phambi kwabantwana bakoIsrayeli, sokuthi badle okuhlatshelewe izithombe, lokuthi baphinge.

Ngokunjalo lawe ulabo ababambelela emfundisweni. . . (yizenzo emuva-le eEfesu, manje sokube yi “mfundiso”). . . imfundiso yamaNikolayithi, . . . (Liyangikhumbula ngilitshela lokho ngobunye ubusuku, ukuthi kwasondela kanjani kulokho na? Izenzo eEfesu, manje yi “mfundiso”). . . i—imfundiso yamaNikolayithi, lezo zinto engizizondayo. (Uhm!)

Phenduka; kumbe kungenjalo Ngizakuza kuwe ngokuphangisa, futhi ngizakulwa ngimelane labo. . . (hatshi iBandla leqiniso). . . bona ngenkamba yomlomo wami.

Lowo olendlebe, akezwe lokho uMoya akutshoyo emabandleni; Kuye onqobayo Ngizamnika ukuba adle okwemana efihliweyo, njalo ngizamnika (yena) ilitshela elimhlophe, laphazukwelitshe kwelitshe ibizo elitsha elilotshiweyo, okungela muntu olaziyi ngaphandle kwalowo olamukelayo.

Manje iNkosi ingezelele izibusiso Zayo kuLokhu, futhi isisize khathesi lapho sizama.

⁴⁹ Manje esisekelweni salelibandla. Yisikhathi sebandla lesithathu, esibizwa ngokuthi Phegamosi. Futhi u—usuku ibandla leli elalikhona lwasuka ngo 312, A.D. 312 kusiya 606.

⁵⁰ Isikhathi sasiyi: imfundiso yamanga, uSathane uyaqamba amanga, isisekelo sokubusa kukapapa, futhi umtshado ebandleni lesizwe.

51 Umvuzo wawuyikuthi: imana efihliweyo, ilitshe elimhlophe.

52 Futhi inkanyezi, ingilosi yalelibandla, ngakho konke uMoya oNgcwele ayengivumela ukuthi ngikwenze, ngithethe uMartin oNgcwele. Kwakuyi—yisambulo esaphiwa kimi ngakho, ngenxa yokubala ngabanye abangcwele kulesosikhathi. Ngathatha uMartin oNgcwele ngoba ukuthi wayeyindoda elobunkulunkulu, ngombono wami yena wayephindwe katshumi ukuba ngumpostoli ukwedlula uPatrick oNgcwele ayeyikho.

53 Manje, uPatrick oNgcwele waye ngumzukululu kaMartin oNgcwele; udadewabo kaMartin oNgcwele wayengunina kaPatrick oNgcwele. Futhi uMartin oNgcwele waye...yebo sibili, lowo kwakungumalume kaPatrick oNgcwele.

54 Manje, impilo yakhe yayisuka ku A.D. 315 isiya ku 399. Manje nansi isizatho ngimthethe esikhundleni sabanye abangcwele balolosuku, ngenxa yendlela ayezibamba ngayo. Futhi ngaphansi kokuphefumulela kukaNkulunkulu, angikholwa ukuthi...

55 Manje, ibandla leKatolika kalizange limenze ongcwele, abazange bamqaphele, futhi yiso isizatho ngamthatha. Uh-huh, uh-huh. Futhi bonke laba esibabonayo, labo abalenkonzo kamoya, lelobandla lakuqala labalandula. I—ibandla lamaNikolayithi lakulandula ngenxa yalezi izinto: zazingezikamoya. Futhi njengoba ngidwebile lapha, iBandla lalikhanyelwa phandle futhi imfundiso yamaNikolayithi yayise—yayisebenzini; futhi iBandla leqiniso lalisebungcosaneni, lihlezi linjalo.

56 Futhi njengoba ngitshilo kusukela ekuqaleni, kwakunguJesu owathi, “Lingesabi, mhlambi omncinyane, yintando kaBaba wenu enhle ukulinika uMbuso.” Yikho ngifaka uMbuso eMbusweni kamoya. Futhi si...silomBuso kamoya, futhi siyajabula kakhulu ngalokho, futhi iNkosi kuluMbuso. Khumbula, UyiNkosi yabangcwele (*abangcwelisiweyo*), UyiNkosi yabo ebakhokhelayo.

57 Impilo kaMartin oNgcwele yayi...ngeyinye yezimpilo ezinkulu sibili ezigcwele ngezimangaliso zaloba nguphi ezikhathini zebandla. Kusukela yonke indlela kuPhawuli oNgcwele kusiya, waye ngomunye wamadoda abomoya ngokwedluleleyo. Waye...

58 Esinye sezimanga zakhe zakuqala sasi...Wayelisotsha, kwasekuqaleni, ngiyakholwa. Futhi-ke ngolunye usuku wayesiza ngalapho futhi kwakulomunye umuntu...I—indoda ilele, igodola futhi iqhuqha, futhi bonke abantu ababethanda... kumbe, hatshi bethanda, kodwa babesenelisa ukusiza indoda, babemedlula nje njengo—ngompristi lamaLevi abakwenza kum*Samariya oLungileyo*. Kodwa lapho uMartin oNgcwele esiza, enanzelela umsebenzi wakhe njengekholwa lesiKhristu, wayelejazi elilodwa, ingubo phezu kwamahlombe akhe,

wayiquma kabili ngenkemba yakhe futhi wanikeza ingxenye yayo kumphanzi, wathatha enye ingxenye. Futhi lobo busuku waqala umsebenzi wakhe, ngoba, uJesu Khristu wabonakala kuye, embonweni, ethandelwe kuleyongubo ayiquma ingxenye kabili; okwagcwalisa uMbhalo, “Njengokuba likwenze kulaba, likwenzile Kimi.”

⁵⁹ Ngakho thatha lokho okwesifundo. Loba yini oyzenzayo komunye umuntu, uyakwenza kuKhristu. Khumbula nje. Manje wena... Asikutsho lokho ndawonye [UMfowethu Branham lebandla bakhuluma behlangene—Mhl.]: “Lokho elikwenzayo kwabanye, likwenze kuKhristu.” Ngakho loba ucabangani ngawe, yilokho okucabangayo ngaye, bona, lokho okuletha isibusiso.

⁶⁰ Leso kwakuyisimanga sakhe sokuqala lesiqalo senkonzo yakhe. Kulokunengi kakhulu kukho, a—angisoze ngibe lesikhathi. Ngoba ngilifuna liphenduke kusasa ebusuku futhi ubusuku bonke, ngakho kangifuni ukuligcina isikhathi eside.

⁶¹ Kulungile, isimangaliso esilandelayo engisikhethileyo ukukhuluma ngaso lobubusuku.

⁶² Wayechithiza ngempela isihedeni, futhi wayemelana ngokuqinileyo lbandla laseRoma. Akavumelananga impela lebandla lonke lakuqala labobhishopi beRoma, yena... basebesiba ngabomhlaba lokunjalo kanjalo, futhi wamelana labo. Ngeqiniso wayemelana labo. Leso yisimangaliso sokuthi waphila ngitsho laphakathi kwalezozikhathi. Manje...

⁶³ Kodwa wayedilizela phansi i-altare yesihedeni ngolunye usuku, futhi edilizela phansi i-altare lesihedeni, futhi kwakulesihlahla esingcwele simi ngaku-altare lesihedeni. Futhi wayegamulela phansi lesi isihlahla, futhi abanengi ababemile eduze babengathandi lokho. Wathi, “Nxa ngingumuntu kaNkulunkulu... Ngibopheleni lapho isihlahla esilengele khona futhi liyekele isihlahla siwele phezu kwami. Nxa ngingumuntu kaNkulunkulu... Nxa ngingayisuye umuntu kaNkulunkulu, isihlahla sizangibulala. Nxa ngingumuntu kaNkulunkulu, uNkulunkulu wami engatshilela lesi sihlahla kwenye indawo.” Ukugolomba sibili! Ngakho baqala ukugamula isihlahla; futhi lapho isihlahla siqala ukuwa, satshibilika futhi sabulala ixuku lababukeli. UNkulunkulu wasitshibilikisa sakhangelela phezulu entabeni. Isimangaliso! O, sonke isikhathi kwakulezimangaliso emhlanganweni wakhe.

⁶⁴ Esinye isimangaliso ebengicabanga ukukhuluma ngaso, kwakuyingane efileyo alalisa umzimba wakhe phezu kwayo. Futhi yavuka yaphila njalo, emuva kokuba esekhulekele lingane okwesikhathi esithile.

⁶⁵ Esinye esibalulekileyo kimi, kwakungumbusi. Futhi wayezabulala abanye babantu bakaNkulunkulu abagcwaliswe nguMoya oNgcwele. Futhi yebo sibili wayeyisandla sokunene

so—sobhishopi webandla lokuqala leRoma, ngalesosikhathi, futhi ngempela wayengupapa engakabizwa upapa. Ibizo lakhe lalingu D-a-m-a-s-u-r, futhi wayebeka wonke amaKhristu ekufeni ayengawabamba ukuze awabulale. Futhi—futhi umkambusi lowu, umhedeni, lobumnyama phezu kwenhliziyo yakhe uqobo.

⁶⁶ Futhi lapho luMartin oNgcwele ongcwelisiweyo esiza ukuzonxusela, umkakhe wamfaka eceleni kwakho ukuze anxusele amaKhristu lawa ukuze angabulawa. Yebo, ekucineni efika kuye, akuzange kuncede, ngoba wayeyindoda eseduze lopapa; ngakho wabulala lawo amaKhristu agcwaliswe nguMoya oNgcwele kungenani.

⁶⁷ Kodwa uMartin oNgcwele wayefuna ingxoxiswano kanye laye, labalindi ba'misa esangweni. Awu, uMartin oNgcwele wawa ngobuso bakhe futhi walala lapho futhi wakhuleka uNkulunkulu waze wamtshengisa ukuthi angene phakathi. Lapho ephakama lapho, wahamba eqonda eminyango ekhiyiweyo futhi yavuleka yodwa, waqhubeka engena phakathi.

⁶⁸ Manje, leyi yimbali, lokhu akusikho nje omunye umuntu ebhala ngaye, futhi nje okulutshwana...Nxa loba yini, bangalimaza, nxa kwakungaba ngelinye ibandla likhuluma; kumbe, ngingathi, okulutshwana, ikakhulu ibandla likapapa, babengeke bakhulume lezozinto. Kodwa, bona, imbali iyacaphuna iqiniso. Bona?

⁶⁹ Futhi lindoda yahamba khona phezulu, uMartin oNgcwele, futhi khona yedlula ngakulowo umlindi wonke, lakho konke okunye, khona phambi kombusi. Futhi umbusi wayengafuni ukuhlonipha inceku kaNkulunkulu. Liyazi, lokho—lokho aku—lokho akulambeko. Ngakho watshibikisa ikhanda lakhe nje futhi wayengeke amhloniphe. Liyazi lokho uNkulunkulu akwenzayo? Wazama ukukhuluma laye futhi wagcina ikhanda lakhe litshibikile, futhi uNkulunkulu wayezakwenza lumhedeni ahloniphe inceku Yakhe. Ngakho Walumathisa into nje ngomlilo, futhi wamqothula wamkhupha esihlalweni, wamenza waphakama, wamenza wasukuma.

⁷⁰ Manje leyo—manje leyo yimbali yeBhayibhili, *iNicene Khansili*. Kwakumele ahloniphe inceku kaNkulunkulu; Wamenza wasukuma. Waqothula ngitsho lesihlalo lapho ayehlezi khona; umlilo wedlula emzimbeni wakhe futhi waqothula ingaphansi yesihlalo, njalo wenza okokweqa phezulu kusuka lapho. UNkulunkulu ulendlela yokwenza ngayo izinto, uyazi. Uh-hum. “UNkulunkulu uyanelisa ngalawamatshe ukuphakamisela uAbrahama abantwana.” Futhi liyakhumbula, lowoNkulunkulu ofanayo uhlala phakathi kwethu lobubusuku. NguNkulunkulu ofanayo. Kulungile.

⁷¹ Futhi-ke okunye lokho engikuthandayo, futhi-ke ngizakuma. Ngileminyane lapha, kodwa ngithole...Manje lowu

bengiwuthanda, lapho ngelinye ilanga elindele abantu bakhe, emkhulekweni ekamelweni lokutaditshela.

⁷² Futhi wa—wayeyindoda enkulu, futhi wathwala leliBandla eligcwaliswe nguMoya oNgcwele, futhi wasidabula sonke... O, wayeyi... wayelabo bonke begcwaliswe ngoMoya, ibandla lakhe lonke. Futhi konke phandle phakathi kwelizwe lonke, amaKhristu benza izimangaliso lezibonakaliso lesimanga.

⁷³ Bona, uNkulunkulu ukhuluma esithunyweni Sakhe, isithunywa sikhuluma ebandleni. Futhi-ke yikho lokho okuthathindawo, uyabona, U—Uyagcina ibandla futhi laye ngokufanayo kuNkulunkulu; uyabona, uMoya oNgcwele ugeleza phakathi kweqembu labo.

⁷⁴ Izikhathi ezinengi lapho bebulawelwa ukholo, bamisa umtshumayeli khona phakathi kwabo (njengalokho) futhi bababulala bonke ngasikhathi sinye. Futhi yibubi bani ababenzayo kulabo bantu! Babatshisa. Bathatha amadoda futhi bababethelela nge... phansi ezigodweni, futhi bakhulula izinja zeganga, kumbe... futhi baziyekela zibandla kusukela ngemuva komuntu, zidonsa amathumbu umuntu engakafi. Bethatha abafazi, basike ibele labo lesokudla, futhi babavumele bame lapho inhliziyi yabo itshaya, futhi bawophe nje baze bawe, bafe kanjalo. Bathathe abantwana babo kubomama abazithweleyo futhi babaphe badliwe zingulube lezinto, bayeke omama bame futhi bakukhangele. Layo yonke inhlobo!

⁷⁵ Manje, ungeke ucabange ukuthi abantu abazitsho ukuthi ngamaKhristu bangakwenza lokho. Kodwa lalela, iBhayibhili lathi, uJesu wathi, “Kuzafika isikhathi lapho bezakulibulala, becabanga ukuthi bakhonza uNkulunkulu.” Liyakhumbula, lowoJesu ofanayo owathi, ngoMoya ofanayo, wakubikezela njalo esikhathini sokucina. Kumele kuze. Nxa okunye lokhu kwatshaya ngokupheleleyo nje ngoMbhalo, khangela futhi ubone nxa kungahambelani khona kanye ngoMbhalo lasembalini. UNkulunkulu wathi kuzakwenzakala, nansi imbali eyathi kuzakwenzakala; UNkulunkulu wathi kuzakwenzakala lapha, futhi nanku lapha okwenzakala khona. Bona, khona kanye nje. Khona-ke kuyini esizakwenza lapho sisiza esiKhathini seBandla leLawodikeya (bona, lapho esikhona khathesi) lezinhlupheko lezinto ezimenezelwe ngokuphambana lakho?

⁷⁶ Ngakho, manje, khona-ke lokhu, wayephakathi lapho ekhuleka lapho ibandla lakhe lilindele. Futhi kwakulesiceli esabuya emnyango futhi saqoqoda emnyango wakhe, futhi wavula umnyango (futhi wayephathekile), futhi wamtshela ukuthi wayefuna i—isembatho. Wayenqunu futhi engelalutho, kwakuqanda, futhi wathi... Wamthuma ukuyabona umdikhoni omkhulu. Futhi umdikhoni omkhulu kwamcaphula ngaye futhi wamxotshela phandle. Futhi lapho ekwenza, wagijima

ngalapho, waphenduka futhi watshela uMartin oNgcwele ukuthi u—ukuthi u—umdikhoni wayemxotshela phandle.

⁷⁷ Futhi khona-ke, ngaleso sikhathi, lumdikhoni omkhulu waphenduka phakathi futhi wantshela kalukhuni, ukuthi, “Ibandla lakho lilindele kuwe! Ubagcina belindele!” Kodwa wayesemkhulekweni. Kungcono ahlale emkhulekweni aze azwe ekhokhelwa nguNkulunkulu ukuthi aphume.

⁷⁸ Futhi lesi isiceli sabuyela emnyango. Futhi uMartin oNgcwele wakhupha isembatho sakhe esihle uqobo futhi wasipha isiceli, futhi wenza u—u—umdikhoni omkhulu ukuhamba futhi athathe esinye futhi asilethe kuye. Ngakho wayemelele athathe isembatho, kungenani, futhi asibeke phezu kukaMartin oNgcwele. Futhi wagqoka isembatho esingasihle phambi kwabantu esikhundleni sesambatho sakhe esihle.

⁷⁹ Bona kuyatshengisa nje: phana okungcono olakho, nika impilo yakho, nika isikhathi sakho, nika yonke into kuKhristu. Futhi lowoMoya ofanayo owaphila kuKhristu, uphila kuwe, futhi—futhi imfunzelelo yakho esigabeni sakho labantu osebenza kanye labo, kuzafana loKhristu kangako kuze kusebenze into efanayo uKhristu ayenzayo.

⁸⁰ Ekucineni kuzakwenzakala ukuthi abantu babelele emathunzini futhi basiliswa. Lokho—lokho kunjalo, amandla angako nje othando ebazungezelele. Futhi bathi ukuthi “Lapho uMartin oNgcwele etshumayela, emva kokuba esephume phandle elalesi isembatho esigqokile, ukuthi ibandla lonke jikelele lananzelela ukukhanya kokuKhanya kumgombolozele yonke indawo.” Uh-huh. Bona? Bona, ngoba wayeyenze into eqondileyo.

⁸¹ Hlala usenza okulungileyo, umsebenzi wakho kuNkulunkulu; cabanga kahle, lowo ngumlandu wakho ngokwakho; futhi kufanele uphume kuhle. Kunjalo, kumele nje ukwenze.

⁸² Manje, sifuna ukuqala khathesi sizama ukukuthatha lokhu ngendlela yezingcazelo kulobubusuku, ngoba kuyasebenza lapha kalukhuni sibili.

Manje, *kuyo ingilosu yebandla lasePhegamosi bhala;*
Lezi izinto lowo utsho yena olenkamba ebukhali
mbili-. . . inkemba . . . inkemba ebukhali elenhlangothi
ezimbili;

⁸³ Khathesi ngifuna ukuthi linanzelele UyaZazisa njalo lobubusuku ngobuNkulunkulu. Lonke ibandla lalingesinye sesimo Sakhe esikhazimulisiweyo: Lowo owayelenkanyezi ezingu 12. . . kumbe “inkanyezi ezingu 7 esandleni Sakhe, Lowo olenkamba ebukhali inhlangothi zombili,” bona, enye into eyinye, “Lowo olenyawo zethusi, amehlo agijima lama. . . amalangabi omlilo.” Uyazazisa Sibisakhe ebuyela kubuNkulunkulu Bakhe.

⁸⁴ Manje wena uthi, “Bungaphi lapha ubuNkulunkulu kulokhu, ‘Yena lenkemba esika inhlangothi zombili iphuma emlonyeni Wakhe?’”

⁸⁵ Awu, *inkemba* yi “Lizwi.” AmaHebheru 4, sikuthethe ekuqaleni lapho sigijimisa phansi lobobuNkulunkulu Bakhe. Inkemba, safumana kumaHebheru 4:12, leyo okwakuyi, “ILizwi likaNkulunkulu lalibukhali kulenkemba esika inhlangothi zombili.” Kunjalo na? Lelo kwakuyiLizwi likaNkulunkulu. Kuyikho na...? Lapho, manje khangela, wena ha... thola ingcazelo lezi. Manje landelela lelo Lizwi, UJohane oNgcwele 1, “Ekuqaleni” (emuva-le) “kwakuyiLizwi eladala amazulu lomhlaba.” Kunjalo na? “Futhi iLizwi laliloNkulunkulu, futhi iLizwi laliyibuNkulunkulu. LobuNkulunkulu benziwa inyama futhi bahlala phakathi kwethu.” Kunjalo na? “ILizwi lenziwa laba yinyama futhi lahlala phakathi kwethu.”

⁸⁶ Futhi nangu Elapha emile lapha, Lowo ekuqaleni, “Khuluma lokhu kungilosi yebandla lase—lase Phega-... Phegamosi. Tshono lokhu kuye, ‘NgiyiLizwi likaNkulunkulu.’” O, siyaMbona khona kuSambulo, esiza lesembatho Sakhe sigxanyuzwe egazini, umqhele phezu kwekhanda Lakhe, egade phezu kwebhiza elimhlophe, futhi ethangazini Lakhe kwakulotshiwe, “ILizwi likaNkulunkulu.” O, ngiyakuthanda lokho. UyiLizwi, iLizwi likaNkulunkulu. Ngakho sibona lobu ubuNkulunkulu khona-ke ekuqaleni, ukuziveza ngoKwakhe, UyiLizwi.

⁸⁷ Manje, nxa EyiLizwi eliphilayo, khona-ke Lokhu okulotshiwe eBhayibhilini kuyingxenye Yakhe; khona-ke nxa ungamukela Lokhu, Kuye (okuyiLizwi), leliLizwi lingena phakathi kwakho ngokholo, liKwenza kuphile, ngoba i... O! Bamba Lokho! ILizwi lingena kuwe, nxa uMoya oNgcwele uphakathi lapho, Liyaphila masinya lapho Lisiza phakathi, futhi sonke isithembiso siliqiniso. Akulalutho... “Ngakho-ke, nxa usithi kulintaba ‘Suswa,’ futhi ungathandabuzi enhliziyweni yakho.” Ngoba (ini?) uyibuNkulunkulu obukhulumayo. Uyakukholwa na? IBhayibhili latsho njalo. Futhi loba yini ukutshoyo kuzakwenzakala nxa ungathandabuzi, nxa ungasusa wonke u—umhlaba kuwe, vumela uMoya oNgcwele akwenze ube yindodana egcweleyo kumbe indodakazi kaNkulunkulu: akulamhlaba, akulakulahlwa, akulakuthandabuza. Kuyini, khona-ke? Akusenguwe, nguNkulunkulu ekuwe. Khona-ke uthatha iLizwi Lakhe, Kuyisithembiso, futhi uthi, “Baba, kuyisithembiso Sakho.” “Sathane, . . .” Enye into kumele isuke. Bona? Bona?

⁸⁸ Manje, awungeke ukwenze lokho uNkulunkulu aze akwambule kuwe khona-ke lokho leyondaba okufanele ibe yikho. Bona? Khona-ke lapho usazi lokho leyondaba ezakuba yiyo, khona-ke ungatsho, njengoJesu. WayeyiLizwi. Kunjalo na?

Futhi kukanti uJesu, indoda, ithabhanekeli, wathi, “Kangenzi lutho ngaphandle uBaba aNgitshengise kuqala.”

⁸⁹ Khona-ke akusilo iLizwi khona-ke lize libonakaliswe kuwe. Liyakuthola yini? Akumangalisi abantu besithi “insuku zezimangaliso sezadlula,” iLizwi kalibonakaliswanga kibo. Akumangalisibengeke bakholwe kuMoya oNgcwele, iLizwi kalibonakaliswanga kibo. Akumangalisi bengeke babone isambulo sobhaphathizo eBizweni likaJesu Khristu, iLizwi alibonakaliswanga kibo lakhathesi; futhi kanti abala lowodwa uMbhalo wokuya kuwo, akulandawo lapho loba ngubani owake wabhaphathizwa loba ngayiphi enye indlela.

⁹⁰ NgoMoya oNgcwele, iBhayibhili lathi “Akulamuntu ongabiza uJesu ukuthi nguKhristu, kuphela ngoMoya oNgcwele,” futhi abantu khona-ke bathi abakholwa ukuthi uMoya oNgcwele uqondile. Bona? Bona, kawenzelwanga bona. UJesu wathi, “Akulamuntu ongeza Kimi ngaphandle uBaba Wami amdonse kuqala. Futhi konke uBaba alakho” (inkathi edluleyo) “Anginike khona kuzakuza Kimi.” O, akukuhle lokho na! “Konke lokho uBaba aNgiphe khona, kuzakuza Kimi. Akula loyedwa wabo ozalahleka ngaphandle kwendodana yokulahlwa, futhi ngiza . . . (wazalelwa injongo leyo), futhi ngizamvusa njalo ngosuku lokucina.”

⁹¹ O, minabo! Yikho lapho amabizo ethu abekwa eBhukwini lokuPhila leWundlu: kusukela ekusekelweni komhlaba. Akukuhle lokho na! Singathandabuza kanjani na?

⁹² O Nkulunkulu, susa ukuthandabuza phakathi kwethu, soka nje inhliziyo zethu abantu abahawulayo kuze kungabi lokuthandabuza ngitsho phakathi kwethu. Lowo ngumkhuleko wami. Giqela khatshana nje konke ukuthandabuza, Nkosi. Mangiphile kamnandi, ngokuthobeka, futhi ngihambe njenge—njengewundlu likaNkulunkulu emhlabeni. Ma—mangihambe njengalokho Ahamba ngakho. Mangikhulume njengoba Ekhuluma. Makuthi injongo zami zibe njengenjongo Yakhe. Makuthi—makuthi ngi . . . Makuthi abanye bafumane uJesu kimi. Mangilahlekelwe yimina futhi ngiyifumane, Nkosi, Kuwe. Yikho lokhu, mangilahlekelwe yimina nje futhi ngiyifumane Kuwe; ngigoqelwe nje kuKhristu kuze kungabi lendawo yokuthandabuza, lokho nje Akutshoyo.

⁹³ Manje, ungaphumi phandle lapha futhi uthi, “Dumo kuNkulunkulu! Haleluya! Dumisa uNkulunkulu! Liyabona lokho engingakwenza? Dumo kuNkulunkulu!” Awukabi Lawo okwamanje. Ayisiyo indlela Ayenza ngayo, hatshi, akhuphele phandle isifuba Sakhe futhi athi, “Bona lokho engingakwenza? Yebo, mnumzana. Ngingu sibani- . . .” Ngitsho. Kazange athathe udumo ngalutho, Wakunika kuNkulunkulu futhi wahamba ngokuthobeka langokuhlubusa, elomoya othile Kuye abantu baze bathanda ukuba ngaKuye. Izitha Zakhe kuphela . . . Futhi

Wabathanda okweneleyo waze Wabakhulekela kokuphela, sonke isikhathi. Futhi lowo kwakungumzekeliso wakho, umzekeliso wami, ukwenza kwabanye njengalokho Akwenzayo kithi.

⁹⁴ Manje, sifuna ukunanzelela lapha njalo manje, kundima 2, ukuthi lokho okuzakuba ngeyesi 13:

Ngiyayazi imisebenzi yakho, la—lalapho ohlala khona, loba... isihlalo sikaSathane... njalo ugcinile ibizo lami, futhi kawuphikanga ukholo lwami,...

⁹⁵ Bona, baphila lapho uSathane ahlezi khona, futhi lokhu begcina iBizo likaJesu. Bona, “Futhi kawuphikanga ukholo Lwami.” Luhlobo bani lokholo Abanika lona? Ukholo lwephentekhosti, ekuqaleni. Babelokholo lwamaNikolayithi lapho, inhlanganiso yebandla, lokunjalo, babesakha, ibandla libakhona ngaphansi kwenhlanganiso; kodwa Wathi, “Lisukile kulokho, lakuzonda futhi Lami ngiyakuzonda. Futhi aliphikanga iBizo Lami; alilandelanga okwabo okuncinyane kwenkolo-ze lezinto, lihlale khona kanye eBizweni Lami. Futhi lilokhu lilokholo Lwami njengalokho okwakuyikho ekuqaleni.” O, ngiyakuthanda lokho!

...awuphikanga ukholo lwami, ngitsho njengalabo ensukwini lapho (ngithemba libiza lokho A-n-t-i-p-s) UAntipasi wayengumfelukholo wami othembakeleyo, owabulawa phakathi kwenu, lapho uSathane ahlala khona.

⁹⁶ Ngizakuma lapho okomzuzu nje. “Isihlalo sikaSathane.” Sifuna ukungathi siyasebenza kulezi izinto, ngifuna ukuthi liKubambe. Libe leqiniso liyakwenza, khathesi. “Isihlalo, sikaSathane.” Manje, uNkulunkulu wamemezela kuGenesisi lapho isihlalo sikaSathane esasikhona, futhi lokho kwakuseBhabhiloni. Kuhlezi kuyisihlalo sikaSathane, futhi kuSambulo kwakuyinto efanayo. Kodwa, nxa lingananzelela, iBhabhiloni laziguqula kusuka *kusihedeni* kusiya “kupapa.”

⁹⁷ Futhi manje eminyakeni yokuqala, kumbe nje lokhu kungakenzakali (iminyaka emilutshwane), isihlalo sikaSathane sakha enkulu... Ngithemba lingambiza umpri... inkosi-mpri wamaKhaladiya. Ukubusa kweBhabhiloni kwaguqula isihlalo sakhe lapho amaPheresiya emxotshanisa, futhi wasuka eBhabhiloni. Ibizo lakhe lalingu A-t-t-a-l-u-s, Attalus, inkosi-mpri omkhulu waseBhabhiloni. Lapho amaPheresiya angena phakathi athumba iBhabhiloni, bekhupha amaKhaladiya; UAttalus, inkosi-mpri wabo, wabaleka futhi wathatha isihlalo sakhe ePhegamosi. “Isihlalo sikaSathane kulapho elihlala khona.” Liyakubamba na?

⁹⁸ Manje, yikho ngibuyela emuva ukuthatha imbali leyi phakathi kwembali yebandla, engifumana lapho... kulokho okwathathindawo lapho Esithi, “Uhlala lapho isihlalo sikaSathane esikhona.”

⁹⁹ Ngacabanga, “Awu, kungaba ngaphi lokho, into ethile, ‘isihlalo sikaSathane?’” Khona-ke ngiyafumana ukuthi linkosi enkulu, emuva kokuba ebalekela amaPheresiya anqobayo ayesethumbile (ngombono kaDaniyeli), weza kulelidolobho lasePhegamosi, eRoma, futhi lapho wenza isigodlo sakhe. USathane wantshintsha isigodlo sakhe kusukela eBhabhiloni kusiya ePhegamosi, lapho (kwelizayo) wayezaqala iBhabhiloni elitsha. O, minabo! Manje liyathola izisekelo lapho esikhona. Kulungile.

¹⁰⁰ Manje, futhi lapho wabulala lumfowethu omangalisayo, wafelukholo lapho, uAntipasi.

¹⁰¹ Khona-ke entshintsha iqhinga lakhe. Kuqala wayengumhlukuluzi wamaKhristu. O, ukuthi wayezonda kanjani isiKhristu! Futhi wayeyinkosi-mpristi ngokwakhe, umhedeni ngemvelo langenkambiso. Khona-ke wantshintsha isimilo sakhe futhi wazihlanganisa kanye loConstantine.

¹⁰² UConstantine wayehlezi ebalwa (langopapa lamuhla) isiqalo se-Knight of Columbus, manje, lowo owapha leso sifungo segazi. Kodwa uConstantine (ngitsho lokhu ngokuhlonipha langenhlonipho), ngendlela yami yokubala ngayo embalini, kazange aguqulwe.

¹⁰³ Manje, waphupha iphupho ngobunye ubusuku, ukuthi nxa wa...wabona isiphambano, futhi wathi ngalokhu uzanqoba impi; futhi i...ngoba wayethembise inkululeko kumaKhristu, ukuthi uzakuba ngumKhristu, nxa bengamkhulekela ukuthi anqobe leyo mpi. Futhi ngama ngebholoho lapho, khona lapho a...kolunye uhlangothi lwebholoho labo, elele, waphupha iphupho leli; futhi wavuka, futhi wadweba isiphambano esimhlophe phezu kwamahawu abakhe lawo wonke amaqhawe akhe. Futhi yikho lapho okwabunjwa khona i-Knights of Columbus engaphansi kokubusa kweRoma Katolika. Kodwa wayengakaze enze into eyodwa yenkolo; into kuphela ake wayenza eyalotshwa embalini, njengake ngayibona, yaye iyilokhu, wabeka isiphambano phezu kwesiqongo seBandla leSt. Sophia. (Huh!) Kodwa wayengowepolitiki, futhi lapho engumbusi weRoma kuleso sikhathi, yena lalumpriisti wesihedeni, ndawonye, bamanyana futhi bangenisa ebandleni elibuthukuthuku elibizwa ngokuthi amaNikolayithi kuleso sikhathi. IsiKhristu, esasiqamele ebupristini, futhi bekufuna ebandleni labo, ukuthi sithethe ezifundweni ezilandelayo zebandla laseEfesu, lokunjalo, futhi-futhi iSimina; lawo maNikolayithi.

¹⁰⁴ Manje amaNikolayithi esebe yi...hatshi i “zenzo” njengoba kwakunjalo ngemuva ekuqaleni *lapha*, kodwa *lapha* kuyi “mfundiso.” *Lapha* kwakuyi “zenzo,” babezama nje ukukungenisa phakathi; kodwa ngangapha esikhathini sebandla lesithathu isibeyi “mfundiso,” abapristi abakhulu, abafo

abakhulu. Babengakababizi ngokuthi papa ngalesosikhathi, khathesi; kodwa babebizwa njengokuthi, obhishopi abakhulu, abafu abakhulu, uyazi, abadumileyo. Futhi imfundiso yabo yaye, yaye, yaye ingeyomkhuba.

